# AGRI-BUSINESS

## UMASIPALA WASETHEKWINI UMEMA

# IZICELO ZABAFUNA UKUQASHA BASEBENZISE INDAWO YEZINKUKHU ZAMAQANDA (10000 LAYERS) ENDAWENI YAMABHIZINISI EZOLIMO ESE-COTTON LANDS.

**UMnyango wakwa-Agribusiness ungaphansi koPhiko lakwaBusiness Support, Markets, Tourism and Agribusiness, kanti injongo yomnyango wukusebenzela ama-SMME asendimeni yamabhizinisi ezolimo uMasipala waseThekwini ukuze kwandiswe umkhiqizo wamaSMME asemkhakheni wamabhizinisi ezolimo ngokuqhamuka nezixazululo ezinembayo ezinciphisa imigoqo evimba ukuncintisana ezimakethe, ukwemukela isayensi nobuchwepheshe futhi ukhuliswe igalelo lalo mkhakha kwiGDP yeTheku.**

## INHLOSO

Inhloso yaleli thuba lokuqashisa indawo wukukhuthaza umkhiqizo wezinkukhu zamaqanda eThekwini ngokuthi kube nendawo enkulu yokukhiqiza.

Isakhiwo sezinkukhu zamaqanda saseCottonlands sinohlelo lokugcina izinkukhu zamaqanda olukwazi ukumumatha izinkukhu eziwu-10 000. Abantu abanentshisekelo bayamenywa ukuba bafake isicelo sokuqasha esishiwo ngenhla uma behlangabezana nezidingo zakhona ezilandelayo:

- Makube yibhizinisi elibhalisiwe elinobufakazi bokubhaliswa.
- Makube yibhizinisi laseThekwini, kanti kuyobhekelelwa kuqala amabhizinisi akumarijini ase-North (ubufakazi bekheli).
- Kulethwe incazelo emfushane yebhizinisi (hhayi i-business plan) kuhlanganisa nesipiliyoni esikhona ebhizinisini lokukhiqiza amaqanda.
- Kumele kube yibhizinisi elikhiqiza amaqanda aphakathi kuka (1000 – 2500) iminyaka engaphezu kwemibili
- Ubufakazi bokudayisa be-akhawunti yebhizinisi yezinyanga eziwu-12.
- Ubufakazi bokusebenzisana namanya amabhizinisi 9uma bukhona) nezivumelwano zokudayisa ezimakethe.
- Yisho ukuthi ungowaluphi uhlanga ngokwe-EEA (Umuntu Omnyama, ikhaladi, iNdiya, Owesifazane, Umuntu Okhubazekile).
- Ikhono lokuthola izinkukhu zamaqanda eziwu-10 000 ezinyangeni eziwu-24 kusukela osukwini lokuqokwa.
- Ubufakazi bemali yokuqala ibhizinisi (ngesitatimende sasebhange) engekho ngaphansi kuka-**R500 000,00**.

## INQUBO YOKWAHLULELA

| INCAZELO | AMAPHUZU |
|---|---|
| 1. Ukubhaliswa Nokuba seMthethweni kweBhizinisi. | 10 |
| 2. Ubufakazi bokudayisa ezinyangeni eziwu-12 | 30 |
| 3. Ikhono lezimali lokuthenga izinkukhu zamaqanda eziwu-2500 nobufakazi. | 10 |
| 4. Ikhono nesipiliyoni sebhizinisi lakho emkhiqizweni wezinkukhu zamaqanda okubalwa nendlela ozoyisebenzisa. | 30 |
| 5. Isivumelwano sokuthola izimakethe. | 20 |

## UHLELO LOKULETHWA KWEZICELO / KWEZIPHAKAMISO:

1. Izicelo kumele zibeke ngokucacile ikhono lokusebenza ebhizinisini lomkhiqizo wezinkukhu amaqanda.
2. Kube nepulani ecacile yezezimali nesu lokuqalisa umsebenzi.
3. Zonke izicelo ezilethiwe ziyobhekwa ngenqubo ethule yokuhlunga.
4. Imiphumela yokuthi isicelo sakho semukelwe noma cha iyothathwa ngokulandela isinqumo soMkhandlu bese abafakisicelo baziswa ngendlela efanele.

## IMIGOMO NEMIBANDELA:

1. Zonke izicelo kumele zihanjiswe emahhovisi kwa-Agribusiness Department: Durban Fresh Produce Market 81 Flower Road, Clairwood, Durban 4052. Angeke zemukelwe izicelo ezithunyelwe ngemishini.
2. Thumela isicelo esichaza kabanzi futhi ezinesu lokuqalisa umsebenzi njengoba kudingeka.
3. Asikho isicelo esiyokwemukelwa ngemuva kosuku lokuvala okungumhla ka **01 Mashi 2024** ngo **16h00**.
4. Abafakizicelo kudingeka basayine irejista uma behambisa izicelo lapho zishiywa khona. Ukusayinwa kwerejista kudingekela amabhuku namarekhodi.
5. Ukuthi uthumele isicelo akuqinisekisi ukuthi isicelo sakho sizokwemukelwa noma ukugunyazwa kokusebenisana nawe.
6. Izimpendulo zokuthi isicelo sakho semukelwe noma cha uyokwaziswa zona ngesikhathi esifanele.

## Ngolunye ulwazi, kungaxhunywana


**noNks Nelisiwe Gumede**

Nelisiwe.Gumede@durban.gov.za

031 322 9268

**noma uSincedile Mbingo**

Sincedile.Mbingo@durban.gov.za

031 322 9454